

# Izinto Ezidingekayo

## Izeluleko ngemisebenzi engenziwa ehambisana nezindaba

**Ukufunda indaba nezingane zakho ukufundela injabulo yinto ekuxhumanisayo nezingane kanti futhi kuwumsebenzi wemfundo ngokwakho. Kodwa ngabe bewazi ukuthi ungenza imisebenzi ethile elula enweba isipiliyoni sendaba nezingana kanye nokuthuthukisa ukufunda kwazo? Nazi ezinye izeluleko zokukusiza ukwenza lokhu. Zama iseluleko esisodwa ngesikhathi. Bheka ukuthi yisiphi esisebenza kangcono kuwe nezingane zakho.**

### Umculo namagama ahambisana nezigqi

Cula iculo noma usho amagama ahambisana nezigqi axhumene nendaba.

### Cela izingane ukuthi ziqagele

Njengoba ufunda, siza izingane ukuthuthukisa amakhono azo okuqagela ngokuzibuza, nicabanga ukuthi yini okuzolandela?'

### Ukugxilisa ukuxhumana ngokwemizwa nomqondo

Khuthaza izingane zakho ukuveza imizwa yazo kanye nemibono yazo kanye nokuzisiza ukucabanga kanye nokuxazulula inkinga ngokuzibuza imibuzo efana nalena 'ubungezwa kanjani ukuba bekunguwe lona?', 'ucabanga ukuthi ngabe bekuyinto enhle leyo ukuyisho noma ukuyenza?', kanye nokuthi 'ngabe wena ubuzothini/ubuzokwenzani uma bekunguwe?'.

### Bhekisisa izithombe

Cela izingane zakho ukubhekisisa imininingwane ethile kwimifanekiso. Zinikeze ithuba lokubala, ukuchaza, ukuphawula noma ukutolika into eziyibonayo ezithombeni.

### Ukudweba

Mema izingane ezincane ukudweba isithombe ngengxenye yendaba eziyithandile. Cela izingane ukudweba imephu ngokuthi indaba yenzeka kuphi. Uma izingane zifuna ukudweba okunye okuhlukile kunendaba, njengesiphetho sendaba, noma uma zifuna ukuzidweba zona njengabalingisi endabeni, zikhuthaze ukwenze njalo.

### Ukubuyekeza indaba

Buza izingane ukuthi yini eziyithandile ngebhuku noma ukusho okunye ezifisa ukuthi ngabe bekungumehluko.

### Yenzani umdlalo wokulingisa indaba

Yenzani umdlalo wokulingisa indaba noma ingxenye yayo. Noma ukugqoka nilingise abadlali endabeni ihora elilodwa noma amabili!

### Nikeza izingane ithuba lokubhala

Zinikeze ithuba lokubhala incwadi noma ukuthumela i-email kumbhali kanti futhi uyithumele ngempela! (Ningenza lokhu ngokuthumela indaba kumshicileli webhuku, ozoyidlulisela kumbhali.) Phakamisa ukuthi zibhale inkondlo echaza abalingisi endabeni noma ukubuyekeza ibhuku ukuze zabelane nabangani bazo.

### Zenzeleni amabhuku enu

Songa amaphepha ambalwa ukwenza ibhuku ukuze izingane zizenzele amabhuku azo. Zikhuthaze ukudweba izithombe. Siza izingane ezincane zakho ukuqeda amabhuku azo ngokubhala amagama ezikutshela wona ngesithombe nesithombe. Nikeza izingane ezindala ithuba lokuzibhalela ngokwazo. Cela izingane zakho ukuzama ukupeleta amagama ngokwazo kanti futhi utuse imizamo yazo yokupeleta. Uma zicela usizo, zisise. Khuthaza izingane zakho ukufunda amabhuku ezizenzele wona kanye nokwabelana nawo nabanye!


T: +27 (21) 448 6000 E: info@nalibali.org

www.nalibali.org www.nalibali.mobi nalibaliSA @nalibaliSA @nalibaliSA


